

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA
IBHULOHO KWABHANYA EVRYHEID MHLAKA 18 JANUARY 2010.**

Mphathi wohlelo;

Amakhosi aseNdlunkulu akhona;

Amalungu esiShayamthetho;

IMeya yoMkhandlu;

Izinduna;

Amakhansela;

Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhlolo yoMnyango uHlabisa;

Amalungu ezinhloko esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambeke;

Abezindaba;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eBaqulusini emcimbini walolu hlobo. Namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe. Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko endaweni yenu.

Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona. Mhlambe umuntu akathathe leli thuba anibonge nani Nhlolo yoMnyango nabo bonke abasebenzi boMnyango abasebenza ngokuzikhandla ekuletheni izidingo kubantu besifundazwe sethu.

Mina ngibona ukuthi ngabe umuntu olele kuphela ongathi akaliboni igalelo lalo Hulumeni wentando yeningi ekushintsheni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono. Phela kukhona abantu, esithi ngesiNgisi 'sleeping through revolution'. Kodwa-ke ngeke sibasole nabo, thina nje esizokuqinisekisa ngokuthi asilali futhi asiphumuli uma izimpilo zabantu bakithi zingakaguquki zibe ngcono.

Akusadingi silokhu sigcizelele manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi. Lokhu kubonakala nangokuthi emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi ekugcineni isifundazwe sesinoHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Bathi babona uHulumeni owaziyo ukuthi uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphantsi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bawo – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu balesi sifundazwe.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngukuthi baningi ohulumeni asebefika badlula ezweni lethu, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba ngcono ngalolu hlobo. Umgwaqo nebholoho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Lapha-ke niyazi nonke ukuthi sisho ukuthini ngalokhu ngoba senike nakuzwa ukushaywa indiva iminyaka engekho oninakile.

Niyazi ukuthi manje seniyakwazi ukuya emsebenzini, ezikoleni, ezitolo edolobheni, emitholampilo, ukuyongcwaba emathuneni noma nivakashela izihlobo nabangani, ngoba uHulumeni wenu usenenzele kwaba lula lokho ngokwakha ingqalasizinda yebhriji endaweni yenu. Siyazi ukuthi lokhu kusho ukuthini kinina futhi siyajabula ukuthi nikwazile ukukhetha uHulumeni oqonda futhi anake izidingo zenu.

Lapha esifundeni saseZululand jikelele sesibone kaningi ukuthuthukiswa kwemigwaqo nosekwenze ngcono impilo kubantu abaningi. Imiphakathi eminingi ezindaweni zaseZululand manje ijabulela ukufinyelela ezindaweni lapho abantu abahlala emadolobheni nasemalokishini bekuthatha kalula nje ngoba bazalwa ikhona ingqalasizinda.

Sesiwabonile namathuba emisebenzi eya ngokwanda kulezo zindawo okwenziwa khona imisebenzi yengqala-sizinda yomgwaqo. Kunenqwaba yosonkontileka abasafufusa abahlomulayo. Ezinye izinkampani zokwakha seziqashe abantu ngokuphelele ngenxa yokuzinikela kwabo emsebenzini wabo nokuyinto esizigqajayo ngayo ukuthi niwathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni enamkhethayo.

Kuleli bhuloho lakwaBhanya esilivula namhlanje sifake isamba semali esingu-R12,7 million. Leli bhriji liqale ukwakhiwa ngonyaka wezimali ka-2009/2010 laze laphela ngalo nyaka ka-2010/2011. Umsebenzi wenziwe izinkampani ezine ezisafufusa ngaphansi kohlelo lukaVukuzakhe. Abalelwa ku-155 amathuba emisebenzi adalekile kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyawubongela umphakathi waseBhekuzulu okuyiwona osuhlomule kakhulu lapha. NjengoHulumeni ngaphansi kubuholi bukaMsholozzi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni, siyaziqhenya ngani ngokusebenzisana noHulumeni ukwenza izimpilo zenu ukuthi zibe ngcono.

Thina singuHulumeni ozimisele ngokushintsha izimpilo zabantu. Esikucela kinina ukuthi nisibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Ningakhohlwa ngokuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Sisuka eKokstad siyashaya koManguzi sigudle ngoPhongolo size siyoshaya ezintabeni zokhahlamba.

Ningakhohlwa futhi ukuthi ngesikhathi leli zwe lingena entandweni yeningi ngonyaka ka-1994, kwadingeka sibhekane nenselelo hhayi nje eyokulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kwavela nezinselelo ezintsha ezifana nobugebengu, ingculazi, ububha nokuntuleka kwemisebenzi, njll.

Kuyiqiniso futhi ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Kodwa okungenani eminyakeni eyisithupha nje, njengoba bengishilo ekuqaleni, abantu bakithi sebephumela obala basho ukuthi sebeyalubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uHulumeni wentando yeningi.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoHulumeni okhethwe ngentando yeningi, uma siletha le misebenzi sisuke senzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ungowaliphi iqembu lepolitiki. Ngakho-ke ngifisa ukunixwayisa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki abasebenzisa ubuthakathaka benu ukuzizuzela bona.

Okokugcina, njengoba sibheke okhethweni nje loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki. SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko.

Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu akayifuni intuthuko.

Ngiyabonga